# UMNQOBI OMKHULU NONAMANDLA

Sanibona ekuseni, kini. I "Phasika eliJabulisayo" kakhulu komunye ngamunye wenu! Lolu ngolunye lwezinsuku ezinkulu kunazozonke, esikhumbuzweni sovuko lweNkosi yethu. Ngolunye lwezinsuku ezinkulu kunazozonke lawowonke umlando wezwe. Uvuko. Futhi sijabula kakhulu ukuba lapha, kulokhu ukusa, kulolusuku olukhulu. Nokubona ilanga liphuma, nezimbali zivuka emhlabathini, yonke into ikhuluma ngePhasika.

Futhi manje asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana owodwa nje.

2 Baba, Nkulunkulu, siza eBukhoneni baKho. Futhi silindele Wena ukuba usiphe, kulokhu ukusa, isibusiso esincane nje esingaphezulu esivela eZulwini, ukuthinta okuthize okuncane kwePhasika emiphefumulweni yethu uqobo; ukuthi, uma sisuka lapha, singahle sithi, njengalabo ababevela e-Emawuse, "Izinhliziyo zethu bezingavuthi yini ngaphakathi kwethu, ngenxa yoBukhona baKhe na?" Ngokuba, sikucela eGameni laKhe, nangenxa yenkazimulo yaKhe. Amen.

3 Ngale encwadini yokugcina, isahluko 28 eVangelini likaMathewu oNgcwele, nevesi le 7, ngifisa ukufunda indikimba, njengoba singena kulenkonzo.

> *Hambani masinyane, nitshele abafundi bakhe ukuthi uvukile kwabafileyo; futhi, bhekani, uyanandulela ukuya eGalile;* ni*zakumbona khona: bhekani, nginitshelile.*

4 Kube neminingi imiyalo emikhulu enikwe umuntu nabantu balomhlaba. Kodwa akukaze kubekhona umyalo obaluleke kanje onikezwayo njengalona, "Hambani nitshele abafundi baKhe ukuthi Uvukile kwabafileyo." Lowo ngumyalo omkhulu. Futhi indlela kuphela lokhu okunganikwezwa ngayo, kwakungenxa yokuthi kwakufanele kube nokukhulu ukunqoba, kuqala.

5 Kube nendoda ezinsukwini zethu, nasezinsukwini ezedlule, nasemlandweni omkhulu walelizwe, kokwalo okukhulu, izinkundla zempi ezibanzi; kube nabanqobi abaningi abakhulu, izinto eziningi ezinkulu ezenzelwe uhlanga lwesintu.

6 Isibonelo nje, ngiyacabanga, njengoba ngehla kulokhu ukusa, ngivuka ekuseni kakhulu, futhi bengingenalo ithuba lokutadisha kakhulu. Ngoba, bengingazi nje ukuthi iyiphi

ingxenye, izolo ebusuku, ebesizoba nayo namhlanje, phakathi komelusi nami, ezinkonzweni. Kodwa endleleni yami ngehla, kwenzekile ngacabanga yini, kulokhu ukusa, ebingaba yinhle ukwedlula konke engikwaziyo ukuyisho kubantu baKhe, ukuthatha umlayezo. Ngicabange ngalokhu, "Hambani nitshele abafundi baKhe." Manje, *abafundi* baKhe a "balandeli" baKhe. U*mfundi* ngo "yedwa olandelayo." Futhi ngicabange ngalendaba, yokuthi, *UMnqobi Omkhulu NonaMandla*.

7 Futhi ngicabanga ngokuthi bangaki abanqobi abakhulu esibenabo kulelizwe, nokuthi zinto zini ezinkulu abazenzile ukuqhubela phambili nokwenza ngcono indlela yomuntu yokuphila. Bengicabanga ngoNapoleon omkhulu, emuva osukwini lwakhe, ukuthi wayengesiyo kanjani indoda engumFulentshi uqobo, kodwa wayenokuthile emqondweni wakhe. Kuqala, wa—wadelela iFulansi, wayengamthandi. Uvela eziqhingini. Kodwa wayenombono engqondweni yakhe, ukuthi, ngolunye usuku ukuthi uyonqoba. Futhi isizathu sokuthi abe nalokho engqondweni yakhe, wayedingeka abe nokuthize ukusebenzela kukho.

8 Kuwo wonke umuntu, ngaphambi kokuba wenze umsebenzi, ufanele ube nenjongo ethile, okunye okungenziwa esikhundleni sokunye, into ethize osebenzela phezu kwayo, eyenhloso yomsebenzi, into ethize ozosebenza ngayo.

9 Futhi njengoba sonke sazi, ngokuthatha umlando kaHitler . . . noma, hhayi okaHitler, kodwa oka—okaNapoleon, ukuthi wayehambe wedlula ngasenyangeni, nangasekushintsheni kwezinkanyezi. Wasebenza ngaleyondlela, futhi elindele; ngoba lokho ngesinye isikhathi wenza kanjalo, futhi wazuza ukunqoba. Futhi ufikela ngapha eFulansi, futhi uba yiqhawe elikhulu. Wabulala indoda amaningi, ngenxa yokuthi babengenakuvumelana naye. Futhi wahlanza lonke izwe lakhe, kwayo yonke into eyayimelene naye. Wavele nje wakukhucula ngokoqobo, ngoba wayedingeka abe nakho ngaleyondlela. Uma wayengabanga nakho ngaleyondlela, kwakuyoba nento ethile emelene naye ngasosonke isikhathi, futhi uhlelo lwakhe olukhulu ayenalo engqondweni yakhe. Ukuphila kwakhe uqobo kwakuyobasengozini, ngakho-ke wayedingeka abe nawo wonke umbuso wakhe ngokuphelele nje njengoba wayengawuthola.

10 Ngiyacabanga manje ukuthi niyangilandela kulokhu, ngoMnqobi omkhulu engimcabangayo. Yonke into eMbusweni waKhe ifanele ibe ngeyaKhe. Kufanele kube inhliziyo, umphefumulo, nomzimba, kwaKhe. Ngeke kwababikho lutho olumelene naYe. Yonke into eyayimelene naYe, Ubeyodingeka ayixoshe. Ufanele abe nayo yonke into ngokoqobo ibe ngeyaKhe. Futhi uma . . .

11 UNapoleon, wahloma izikhali, ombayimbayi, izibhamu, izibhamu amamasket, izinkemba. Futhi waphuma nalomcabango owodwa, ukuthi uyonqoba izwe. Futhi ngokuphathekayo wakwenza lokho, eneminyaka engamashumi amathathu-nantathu. Ngenkathi wayeseyinsizwa, wayengumnqabeli wokuphuzwa kotshwala. Futhi udumo lwakhe olukhulu lwamenza waba ngozazisayo; futhi kwafika emizweni yakhe, waze wafa eneminyaka engamashumi amathathu-nantathu, isidakwa. Udumo lwakhe, wayengelumele. Futhi ngicabanga ngomuntu, okwathi kulena, eneminyaka engamshumi amathathu-nantathu, wanqoba umhlaba futhi wafa eyisidakwa, ngenxa yodumo lwakhe, futhi walahlekelwa yiwo wonke umgomo ayewulwela. Wayewu—wayewuhlobo lomfanekiso, noma, hhayi umfanekiso, ngingathi, kodwa wayeyithuluzi likadeveli. Futhi ezama ukulahlela phansi izwe, futhi wehluleka, emashumini amathathu-nantathu.

12 Kodwa, o, lona omkhulu, uMnqobi onamandla engikhuluma ngaye, eminyakeni engamashumi amathathu-nantathu, wanqoba yonke into eyayisemhlabeni nase—nasesihogweni. Eneminyaka engamashumi amathathu-nantathu, uMnqobi omkhulu nonamandla!

13 Ngicabanga ngezimpi ezinkulu ezilwiwe ezinkundleni. Siyazi, ukuqeda ngoNapoleon, ukuthi ufika ekupheleni kwakhe eWaterloo. Kwabayinhlanhla yami, kungekudala, ukubuka phezu kokufanisa okwenziwa ngezinsalela zenqola yakhe, neyamadoda amahhashi neyendoda, ukuthi balala kanjani enkundleni yempi. Futhi izinqola zinqwabelene ndawonye, amasondo ephukile, kwesokudla nangaphandle phakathi emathafeni, kwalapho lombukiso omkhulu wenziwa khona.

14 Futhi umehluko onje okuyiwo! Ukuqaphela ukuthi umuntu esemashumini amathathu-nantathu, nehlazo elilele lapho esikhumbuzweni sempi yakhe enkulu nokunqoba; bese kuthi-ke ukuya eJerusalema, futhi ubuke ethuneni elingenalutho, njengesikhumbuzo soMnqobi omkhulu nonamandla.

15 Ngandlela-thize enye, kunokuthize ekunqobeni. Uma sinokuthize esikulwelayo, uma kunesifo emzimbeni wethu, futhi siyalwa phakathi kokufa nokuphila, ukunqoba okunje uma sesikubona kunqotshiwe. Uma silwa phezu komkhuba othize omkhulu, noma enye into ethize enkulu esihaqile, uma ekugcineni amafulege amakhulu ebhakuza futhi sikunqobile; kusinika ukuzwa okunjani, ngaphakathi kwethu, ngokuba khona-ke sesingaba ngumnqobi.

16 Manje ngicabanga ngempi yokugcina, nokuthi kwaba kanjani ngenkathi uHitler wayethathe iWarsaw. Futhi amaJalimane acabanga ukuthi lokho kwakungokunye kokunqoba okuningi okukhulu ukwedlula konke okungabakhona, ngenxa yokuthi induna yabo enkulu

engukapteni, uAdolf Hitler, kanye nje wacwilisa yonke into eWarsaw, wayedilize amabhuloho, nebhuloho elikhulu lawa. Amaphepha ayegcwele izithombe ezinkulu zokuwa kwebhuloho. AmaJalimane amasha adubula emgwaqeni, futhi ashaya izigubhu futhi ashaya izimpempe, nezinkulungwane zamabhanoyi adlula ngakuye, lapho ewine ukunqoba kwakhe kokuqala okukhulu. Kubekwe njengo Alexandar oMkhulu, noma uNapoleon, ukunqoba izwe, kodwa waphethela kuphi na? Ehlazweni. Impela, wakwenza.

17 Ngiyakhumbula ngenkathi bakhe iBurma Pass enkulu. Kufanele kube . . . uma bawelela entabeni. Abanye abafana bahlezi lapha kulokhu ukusa, mhlampe, abawela kulentuba enkulu. Umsebenzi onje okwakuyiyo! Kwathatha umsebenzi wangempela ongakanani, futhi umsebenzi onje ngempela abawenzayo! Futhi kwabiza imali engakanani ukwakha iBurma Pass, izigidi zamadola! Abafana abalahlekelwa izimpilo zabo, ekwenzeni kanjalo! Kodwa ekugcineni, futhi emva kwesikhashana, ngenkathi imayela lokugcina lendlela lase lihanjiwe, futhi ngenkathi intuba isiqediwe, ukuthi kwenyuka kanjani ukumemeza kokunqoba kubantu! Babenentuba ababengawela izintaba ngayo, ukuzuza ukunqoba.

18 Ngicabanga ngenye intuba, ukuthi ngeliny'ilanga yabiza ukuphila kweNkosi yethu ebusisiweyo. Kwakungesiyo kuphela indlela emhlabeni, kodwa kwakungumgwaqo omkhulu owawubizwa "umgwaqo omkhulu wobungcwele," lapho ongcolile engayikudlula khona, kodwa labo kuphela abaphawuliwe. Yilabo kuphela abasohlangothini lolo Akulo, bayakudlula kulomgwaqo omkhulu.

19 Ukunqoba okuningi okukhulu kuzuziwe. Abaningi bethu namhlanje bangakhumbula kahle ngeMpi yokuQala yoMhlaba. Ngiyakhumbula ngenkathi nje ngisengumfanyana, ngangizizwa izimpempe zishaywa; futhi ngisho abalimi, ensimini, bamisa amahhashi abo, futhi bavayizelisa izigqoko zabo. Bamemeza. Bampongoloza. Kwakwenzekeni na? Impi yase iphelile. Ukunqoba kwase kuzuziwe. Umnotho omkhulu ababewulwela, ekugcineni sinqobile.

20 Ngicabanga ngalempi yomhlaba yokugcina. Ngangihlala ngaphesheya nje kwesitaladi. Futhi ngenkathi izimpempe ziqala ukushaywa, abantu bagijimela emayadini; abesifazane begqoke amaphinifa abo, bewakhumula, futhi bewashwiba emoyeni. Izinhlamvu zandiza ezihlahleni. Izimpempe zishaywa. Izimoto zancintisana esitaladini. Abantu bawa ngamadolo abo, futhi baphakamisa izandla zabo. Bamemeza. Bakhala. Ngani na? Ngoba impi yase iphelile. Futhi ababusisiwe, abafana abathandekayo lowo owawela ulwandle, masinyane wayezontweza eya ekhaya futhi kubo. Ukunqoba okunje! Isikhathi esinje, nokuxhuxhuma kunoma yiyiphi inhliziyo! Ijubili enje! Lobobusuku, wonke umuntu wayesenjabulweni

enje, wawungangena esitolo otheng'udlele kuso futhi udle, bese uphuma futhi ungakukhokheli, kwakuyobe kulungile. Wawungasebenzisa imoto yomuntu oseduze, kwakuyobe kulungile. Wawungacela owawukufuna, futhi mhlawumbe wawuyobe usuyitholile. Ngoba ngani na? Ukunqoba kwazuzwa. Abafana babeza ekhaya. Konke kwase kwedlule.

21 Futhi ngiyacabanga, mfowethu, kubi kakhulu ukuthi lezo uhlobo lokuzwa ngeke luhlale sonke isikhathi. Kodwa, kumKristu, kulokhu ukusa, ukunqoba kuzuziwe. Izinsimbi zenjabulo ziyakhala. Impi isiphelile, phakathi kukaNkulunkulu nomuntu. Ukunqoba sekuzuziwe.

22 Ngaphambi kokuba noma yikuphi ukunqoba kuzuzwe, kufanele kube namanani amakhulu akhokhiwe. O, amanani anje pho! Futhi ngeziny'izikhathi ajule kakhulu, futhi enza izibazi ezinkulu, zidilizelwa phansi. Kodwa, ukuze sibe nentaba, sifanele sibe nesigodi. Ngaphambi kokuba sibe nokukhanya kwelanga, sifanele sithole imvula. Ngaphambi kokuba sibe nokukhanya, sifanele sibe nobusuku. Ngaphambi kokuba sibe nokulungile, bafanele babe nokungalungile, noma ubungeke neze wazi ukuthi okungalungile kwakuyini.

23 Kodwa ukuze unqobe futhi uzuze impi enkulu kunazo zonke esezake zazuzwa, Oyedwa waphuma eNkazimulweni, iminyaka eminingi edlule. Futhi Akazange azethwese Yena uqobo isimo seNgelosi. Akezanga njengomuntu othize omkhulu. Kodwa Wayezofakazisa ukuthi akuthathi izinhlobo zezibhamu amamasket nezinhlamvu, namabhomu ama-atomu, ukuzuza impi. WazeMbathisa ngokuthobeka, njengengane encane, futhi wazalelwa esitebeleni. Kwakungekho ngisho indawo yokuzalwa kwakhe, ngenkathi Efika. Ngifuna nibuke uhlobo olwehlukile lwento yokuhlasela, Alusebenzisa.

24 Manje, uhlanga luka-Adamu lwalusekuthunjweni lonke. Lapho babe, ngenathemba, bengenaNkulunkulu, bengenathuba, bengenamusa, bengenalutho olwalungabasiza. Izitha ezinkulu, zezindawo eziphansi zabalahliwe, zazivalelwe ebumnyameni. Kwakungekho-ndlela yokuphuma. Kwakungekho ongasiza. Kungekho lutho olwalungenziwa. Kwakubukeka kufana nokuhlangene, ukulahleka okuphelele.

25 Kodwa iQhawe lethu, Elehla livela emasangweni aseNkazimulweni, lizehlisela phansi!

26 Ngokuba, kwakungekho-muntu emhlabeni owayengenza umsebenzi. Bonke babe, njengokhuluma kwasezweni, esikebheni esifanayo. Sasi, sonke, "zalelwa esonweni, sabunjwa ebubini, sifika ezweni sikhuluma amanga." Futhi kungekho noyedwa wethu owayengasiza omunye. Sama singenalusizo, sehluliwe, umsindo kusosonke isandla, sonke singahlangene. Sasingenakugcina imithetho nemigubho, sithola

ubuntekenteke babo nokunye nokunye, sasingenakukwenza. Futhi kwakubukeka sengathi sonke isintu sabhubhiswa.

27 Khona-ke Wafika, Wehla. Ngoba, "Wayekhona ekuqaleni," iBhayibheli lathi, "WayeyiZwi." WayeyiZwi-mcabango elaphuma kuNkulunkulu. NeZwi-mcabango, ekuqaleni, laliyiZwi. Futhi Waba yiZwi. Khona-ke ngenkathi Enyukela phezulu ngalolosuku lwenkazimulo lwePhasika, Akabanga yiZwi kuphela, kepha Uba ngumPristi oMkhulu weZwi laKhe uQobo. O, into ejabulisa kanje, Mfowethu Neville! Cabangani nje! Akasilo iZwi kuphela, kepha UngumPristi oMkhulu weZwi laKhe uQobo. Besingakungabaza kanjani na? Besingaya kanjani kuYe futhi singakholwa ukuthi siyakwemukela esikucelayo na? Ngokuba, UyiZwi noMnxuseli weZwi! IZwi-mcabango laba yiZwi, neZwi lenziwa inyama; futhi yona inyama efanayo eyayiyiZwi, yemukelwa phezulu eNkazimulweni, futhi manje ungumPristi oMkhulu enza ukunxusela, ngaYe uqobo, eZwini kaKhe.

28 Kuthatha lokho! Leyo yimpahla iBandla elinayo. Isikhali esinje pho! Asikaze sibe khona esinjengaLo. WayeyiZwi. Futhi ngenkathi Eza, Wazalelwa emkhombeni. Ufikela ukusebenzisa isikhali so t-h-a-n-d-o, uthando, ukunqoba izwe; hhayi ngezinhlamvu zempi, hhayi ngemishini-gani nombayimbayi. Kodwa ufika ngendlela ehlukile. Ufika ngesimo sothando. Wayewuthando lukaNkulunkulu.

29 Ngesinye isikhathi, njengomfanyana, ngangivamise ukucabanga ukuthi uKristu wayengithanda, noNkulunkulu wayengizonda; ngoba uKristu wangifela, kodwa uNkulunkulu wayenokuthize okumelene nami. Kodwa ngithola ukuthi uKristu uyiyo kanye inhliziyo kaNkulunkulu. "UNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze Wanikela ngeNdodana yaKhe ezelwe yodwa, ukuthi yilowo nalowo okholwa yiYo angabhubhi, kepha abe nokuPhila okuPhakade."

30 Manje Uyafika, kuqala, ukunqoba. Futhi into udeveli ayibekile ezweni kwakuyinzondo. Futhi Ufikela ukunqoba inzondo. Ngenkathi sizuza izimpi zethu, nokunye nokunye, ezimpini zasezweni, kuhlala njalo kushiya, ngokuqhubekayo, inzondo; ngoba, izimpi zalolohlobo ezesitha. Kodwa uKristu ufika nothando, ukunqoba inzondo, ukuthanda labo ababengathandekiyo. Ufika nesikhali esehlukile. Futhi Wazithoba Yena uqobo, "wenziwa wabaphansana kuneziNgelosi," ukuzwa ukufa, nokunikeza isibonelo. Futhi ngenkathi Wayelapha emhlabeni, Wahamba phakathi komuntu.

31 Wahlola izikhali zaKhe zokuhlasela, ngenkathi Ephilisa abagulayo. Ngenkathi Ethatha amabheskidi amancane amahlanu nophisi ababili bezinhlanzi, futhi wondla abantu abayizinkulungwane eziyisihlanu, Wafakazisa ukuthi Wayenamandla phezu kwawo wonke amatomu elalikhona.

Kungesikho ukuthi Wakhulisa inhlanzi kuphela, kodwa Wandisa inhlanzi ephekiwe. Kungesikho ukuthi Utshala ukolo kulawomabheskidi kuphela, kodwa Wandisa ukolo obhakiwe kulawomabheskidi. Kwakhombisa ukuthi WayeyilowoMnqobi omkhulu nonamandla! Kungesikho ukuthi Ukukha amanzi emthonjeni kuphela, kodwa Wenza lawomanzi, iwayini, emthonjeni. Wafakazisa ukuthi WayenaMandla ukunqoba. Futhi Wathanda, nesikhali saKhe kwakuwuthando. Manje qaphelani.

32 Khona-ke ngenkathi Enza lokho, ngenkathi Emile ngeliny'ilanga eceleni kwethuna likaLazaru, futhi kwakukhona umuntu, ofile, futhi wangcwatshwa sekuyizinsuku ezine. Ngisho labo ababekhona, bathi, "ngisho manje useyanuka." Ikhala lakhe lase liwele phakathi, izibungu zesikhumba zasezihuquzele kuso. NoJesu wama lapho, njengoMnqobi onamandla, ngenkathi Ethi kuMarta noMariya, ngenkathi Emi lapho, "Angishongo yini kini, 'Uma ningakholwa kuphela, nizobona inkazimulo kaNkulunkulu'?" Wayesanda kusho nje (ngenkathi bethe, "umnewethu ufile," nokunye nokunye), Wathi, "Ngingukuvuka nokuPhila! Okholwa yiMi, noma efa, nokho uyakuphila. Nophila akholwe yiMi, akasoze afa. Anginitshelanga nje ukuthi leloPhakade, aMandla abusisiwe alele kiMi na?" Akenzanga leso sitatimede kuphela, Wayekwazi ukwenza konke Ayekushilo, ngokuba WayenguMnqobi onamandla.

33 Ehleli kuYe, ezibambile, embozwe ngemnyama yomuntu, njengomuntu, kodwa ngaphakathi kwalapho kwakungahlali muntu ngaphandle kukaNkulunkulu uSomandla, omkhulu noNamandla. Wayengaphinde adale. Wayengadala izinto ezintsha. Wayengakhuluma, futhi Akucelayo kwakunganikezwa ngalowomzuzwana. Kodwa, WaZithoba, Wayelokhu engophansi. Wayefuna ukunikeza isibonelo. Wayefuna ukuba uhlobo olulungile loMnqobi, futhi Wayenguye. Manje, Wazifakazisa ukuba nguYe.

34 Njengoba bengihlale ngisho emhlanganweni wami, mhlawumbe kuzofakazela kulokhu ukusa, kuleliqembu labantu, ngalokhu ukusa okuhle kwePhasika. Inenekazi, elingelebandla elithize elingakholelwa ekumukeleni iGazi leNkosi uJesu. "Ngaphandle kokuchitheka kweGazi, akukho ukuthethelelwa kwesono." Wangitshela ukuthi uMuntu wayengumprofethi nje, uMuntu omangalisayo, futhi ngimenze onobuNkulunkulu. Ngathi, "WayengonobuNkulunkulu. WayenguNkulunkulu."

Wathi, "Uzama ukumenza abeMkhulu kakhulu."

35 Ngathi, "Akukho magama abengazwakalisa ubukhulu baKhe!" Ulimi lomuntu alukaze luthole ukuzwakalisa!

36 Ngikhuluma nendoda ngeliny'ilanga, usomaqhinga ovela eWashington, DC, futhi wathi, ebufakazini obuncanyana eku—kudleni kwasekuseni lapho esasihlangene ndawonye, wathi, "Mfowethu Branham, kade ngingumLuthela impilo yami

yonke. Kodwa," wathi, "ngeliny'ilanga ngisethamele imvuselelo eyimfeshini endala," wathi, "ngaguqa phansi e-altare, futhi ngangifuna ukuthola isehlakalo noNkulunkulu." Wathi, "Futhi ngiselapho ngiguqile . . . " Manje, lona ngusomaqhinga waseWashington owake wasebenza ngisho ngaphansi kukaMongameli Cooledge. Futhi ngenkathi e "bheka phezulu," wathi, "Ngabona umbono kaJesu." Wathi, "Ngiyakwazi ukukhuluma izilwini eziyishiyagalolunye ezehlukene, ngokunganqikazi." Wathi, "Kodwa angitholanga igama elilodwa ukusho, lazo zonke lezo zilwimi eziyisishiyagalolunye." Wathi, "Ngakho ngavele nje ngaphakamisa isandla sami, futhi Wanginika olusha, ukukhuluma ngalo." Wathi, "Ngibone nje iNkazimulo yobuso baKhe."

37 Leli nenekazi lasho kimi, lathi, "Mfowethu Branham, uJesu wayengelutho kodwa umuntu, umprofethi nje."

Ngathi, "'WayenguNkulunkulu,' dadewethu."

38 Wathi, "Umenza abe ngonobuNkulunkulu Yena, kodwa Akasuye." Ngakho wathi, "Endleleni phansi, ekusongekeni . . . kulele, ithuna likaLazaru, iBhayibheli lathi, 'Wakhala.'"

39 Impela, Wayeyiyo impela inhliziyo kaNkulunkulu. Wagula njengoba sigula. Wayeyinyama njengoba siyinyama. Wathwala, emzimbeni waKhe, izifiso ezifanayo nezinto esizenzayo. Nokho, ukuba nguMhlatshelo ophelele, Wayedingeka akwenze lokho. Wenza. Kodwa ngathi . . .

Wathi, "Wakhala, ehlela ethuneni likaLazaru."

40 Ngathi, "Kodwa, o, nenekazi, kunjalo. WayenguMuntu, ngenkathi Ekhala. Kodwa ngenkathi Emile lapho, eceleni kwalelothuna, lapho ukuthula, ukufa kulele; lapho umzimba obolile wawulele, usongwe ngenabukeni; ngenkathi ethi, 'Susani itshe.' Waqoqa uhlaka lwaKhe oluncane ndawonye, futhi wathi, 'Lazaru, vuka!' Futhi umuntu owayesefile, izinsuku ezine, wama ngezinyawo zakhe."

41 Kwakuyini na? Ukubola kwamazi uMenzi wakho. Umphefumulo uyayazi iNkosi yawo. Futhi lowoMnqobi omkhulu nonamandla wafakazisa lapho ukuthi WayenaMandla okufa, amaZulu nesihogo, nethuna.

42 Impela, kuxhuxhumisa inhliziyo yethu! Ukhuluma ngokushaya amapani endishi, nokubetha amacilongo na? Izwe belifanele libe kwijubili kulokhu ukusa, ngokungathi alikaze, ukudazuluka nokumemeza kakhulu kwabantu baKhe, ngoba lolu usuku lwesikhumbuzo ukuthi ngenkathi Enqobile isitha sokugcina, futhi wasikhulula thina abathunjwa.

43 Yebo, WayenguMuntu. Kunjalo. Wafakazisa ukuba nguMuntu, futhi Wafakazisa ukuba nguNkulunkulu. Ngobunye ubusuku ngenkathi . . .

44 Ulwandle oludlangayo, olwabiza ukuphila okuyizinkulungwane. Mhlawumbe abanye benu bomama lapha, kulokhu ukusa, abafana benu bafa ekudlangeni kolwandle ngaleya, mhlawumbe ucwile ngaphansi kwamagagasi kulamasimu empi abanzi kulomhlaba. Abanye babathandiweyo benu ulele ngaleya, mhlawumbe ngaphansi kolwandle.

45 Kodwa ngobunye ubusuku ngenkathi Wayelele esikebheni esincane, namagagasi ayegxumagxuma olwandle, njengesivalo sebhodlela. Wavuka, futhi wabeka unyawo lwaKhe phezu kwentambo yesikebhe. Wabuka phezulu ngaseZulwini, futhi wathi, "Ukuthula." Namagagasi, Wathi, "Thula!" Nalololwandle olunamandla lwahlelembeka kwaze kwathi kwakungekho ukushwabana kulo. Impela, Wayenjalo!

46 Kuyiqiniso ukuthi Walamba njengoMuntu. Ngenkathi Ehla entabeni futhi Wayelambile, ebuka esihlahleni azokudla, WayenguMuntu. Kodwa ngenkathi Ethatha lawomabheskidi nenhlanzi embalwa, futhi waphakela inkulungwane eyisihlanu, Wayengaphezu kokuba uMuntu.

47 Ngenkathi Efa eminyakeni engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye edlule, kuthangi, elenga esiphambanweni, edazulukela umusa, "Nkulunkulu waMi, Nkulunkulu waMi, UNgishiyelani na?" Wafa njengoMuntu. Kodwa amakhulu ayishumi nesishiyagalolunye neminyaka ethize edlule, kulokhu ukusa, Wafakazisa ukuthi Wayeyini! Wanikeza uphawu lokugcina lobumesiya baKhe ngenkathi Ephule izibopho zokufa nesihogo sehlukana, futhi wavuka ethuneni, engohlulayo, "Ngiyaphila kube phakade! Futhi, ngoba ngiyaphila, nani niyaphila!"

48 Nango uMnqobi! Ukhuluma ngokuhluthula amaphinifa nokulivayizelisa na? Abantu bathi siyahlanya ngoba simemeza kakhulu futhi siyagijima, futhi siyamemeza futhi siyampongoloza. Abazange bezwe ukungqangqazela okunqobayo kweZulu, ukuthi, "Impi isiphelile!" Owethu omkhulu, uMnqobi onamandla usewine konke ukunqoba! Umile yedwa, kulokhu ukusa, engathintwa!

49 Ngenkathi Efika emhlabeni, baMnika igama eliphansi kunawo onke ababengaMnika lona, njengo "hlanya." BaMbiza ngo *Belzabule*, "inkosi yamademoni." Kunjalo. Waya emzini ophansi kunayo yonke ekhona emhlabeni, iJeriko, nomuntu omncane kunabo bonke emzini wadingeka abuke phansi ukuMbona. Kodwa ngenkathi uNkulunkulu, iminyaka engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye edlule, waMvusa! Yilokho umuntu akwenzile kuYe. Kodwa, ngesikhali sothando, Wanqoba wonke udeveli.

50 Futhi uNkulunkulu waMphakamisela phezulu kakhulu, futhi uMnika iGama elingaphezu kwalo lonke igama elike lashiwo emaZulwini nomhlaba. Lonke igama eZulwini

liyakhothama eGameni lika "Jesu"! Yonke iNgelosi, yonke inkosi, yonke into iyakhothama eGameni lika "Jesu"! Lonke ulimi luyakuMvuma, onke amadolo ayoMkhothamela. Futhi Unyukele phezulu kakhulu, aze ngisho Afanele abuke phansi ukubona amaZulu. Lowo nguMnqobi onamandla! YiloWo owakwenza! Ngenkathi Eshiye umhlaba, kamuva, izolo ebusuku sibenakho, Wayenezihluthulelo zokufa nehayidese zilenga ohlangothini lwaKhe, amen, "Ningesabi, NgiNguye owayefile, nophilayo futhi kuze kube phakade. Futhi" (u *futhi* isihlanganiso) "Nginezihluthulelo zokufa nesihogo, zilenga khona *lapha*." Ukhuluma ngoMnqobi! "Futhi, ngoba nginqobile, ngenze umgwaqo omkhulu wenu ukuba nihambe."

51 Umuntu wenqatshwa eZulwini, umgwaqo omkhulu wavalwa. Kwakungekho mgwaqo omkhulu. Kodwa, lapho kwakungekho umgwaqo omkhulu, Uyafika ukwenza owodwa. O, he! Ulayini wokuqala kwakungamademoni okungabaza, olandelayo kwakungukulimaza, olandelayo kwakungubugovu; lomhlaba wawumbozwe ngolayini bamandla obudemoni; khona-ke ukugula, izifo. Kodwa ngenkathi Eqala ukwenyukela eZulwini! Izolo ebusuku besinaYe ephuma ehayidese, nezihluthulelo zokufa nehayidese ohlangothini lwaKhe. Kulokhu ukusa siyaMenyusa. Haleluya! Ngenkathi Evuka, Wayene. . . Wayengohlulayo. Futhi, lapho Enyuka, Wephula onke amandla kadeveli abambe phezu komuntu. Wenyukela kweliPhezulu, futhi upha izipho umuntu, iziphiwo zikaMoya oNgcwele. UMnqobi onamandla! Umile yedwa, kulokhu ukusa! Futhi, phakathi kwaKhe nalolonke ikholwa, ngumgwaqo obusisiwe omdala omkhulu ongcwele ukuthi olungile ayakuhamba kuwo. Ayikho indlela yokuphunyuka. Kunolayini owodwa kuphela ocekelwe phansi usuka eNkazimulweni. Washiya amaNyathelo aneGazi lapho Ehamba edabula emhubheni yamandla amademoni, futhi wasenzela umgwaqo omkhulu, yonke indlela. Uhlezi kweliPhezulu, kulokhu ukusa, njengoMnqobi onamandla!

52 Abantu baKhe banejubili. Izinkulungwane ezingamashumi zabo, umhlaba wonke jikelele, amemeza kakhulu ukunqoba.

53 Kade ngikubhekisisa lokhu kujoyina ibandla lomthetho elidala elibandayo. Sengiyambona omunye ethi. . . Ngizokukhombisa ukulahla kwalo.

54 Lapha, kwathi nje iMpi yokuQala ingaphela, umlayezo wawehla ngomgwaqo lapha, ungena ebhasini iGreyhound. Bathi, "Ngowani wonke lomsindo na? Umayelana nani na?"

55 Futhi omunye wabo wathi, "Bukani lapha, nanti iphepha. Impi nje isiphelile." Nawo wonke umuntu ekhala futhi ememeza kakhulu.

56 Kodwa oyedwa wesifazane wathi, "O, he, kungani idingeke ukuba iphele kanjena na?" Wathi, "Ukuba nje ibiqhubeke

izinsuku ezimbalwa kade," wathi, "uJohn nami besizobe sihlezi emgwaqeni olula." Wathi, "Besizobe sihlezi lapho."

57 Kwakukhona umuntu emi emuva, ekusaphazekeni kwebhasi; wathola lowo wesifazane, futhi wacishe wamphosela emnyango. Futhi ngenkathi amaphoyisa ebopha indoda, yathi, "Isizathu ngikwenzile," wathi, "lowo wesifazane wayengenamuntu lapho ayenendaba naye. Kodwa nginababafana ababili ngapho." Wathi, "Angikwazanga ukubamba imizwa yami."

58 O, mfowethu! Nginobaba ngaleya. Nginabathandiweyo bami ngaleya. Kuyinto ethize kimi, njenkathi uJesu enqoba. Nginonkosikazi. Nginomntwana. Nginabathandiweyo. Lowo omkhulu, uMnqobi onamandla! Ungangibiza ngo "mgingqiki ongcwele" noma u "hlanya lwezenkolo," noma yini ofuna ukuyenza. Kodwa, uma ngicabanga ngaleyompi enkulu, sekuxazululiwe, inani selikhokhiwe, ukunqoba kuzuziwe. UJesu wavuka kwabafileyo, uphawu lokugcina lobumesiya baKhe, konke sekwedlule. Uyaphila, kulokhu ukusa, nezihluthulelo zokufa nehayidese. Nginabathandiweyo ongaphesheya komncele ngale. Ngikulomgwaqo omkhulu omuhle omdala, ngenyuka ukubabona. Ningacabangi ukuthi ngiyahlanya. O, kodwa ngijabule kakhulu konke kuxazululiwe! Ngumsebenzi osufeziwe.

> Ephila, Wangithanda; efa, Wangisindisa;
> Embelwa, Wathwala izono zami waziyisa kude le;
> Evuka, Wangilungisisa ngesihle phakade;
> Ngeliny'ilanga Uyeza, O usuku olumangalisayo!

59 Umbhaphathizo omdala obusisiweyo kaMoya oNgcwele, ukusiholela phezulu kulomgwaqo omkhulu omdala omangalisayo, o, Kujabulisa kanjani! Bengingaba kanjani ngamahloni ngaKho na? Ngama noPawulu oNgcwele, kulokhu ukusa, ngisho lokhu, "Anginamahloni ngeVangeli likaJesu Kristu, ngokuba LingaMandla kaNkulunkulu ensindisweni." LingaMandla phezu kokugula. LingaMandla phezu kokufa. LingaMandla phezu kwethuna.

60 Ngenkathi lowo ol'khuni, umphostoli omdala efika ekugcineni kwendlela yakhe, futhi bagubha ithuna lakhe phandle lapho, nokufa kwakumgqolozele ebusweni, wahleka ngqo ebusweni bakho. Wathi, "Kufa, luphi udosi lwakho na? Thuna, kuphi ukunqoba kwakho na?" Khona-ke wamemeza kakhulu izindumiso zikaNkulunkulu, "Kodwa akabongwe uNkulunkulu Osinika ukunqoba ngeNkosi yethu uJesu Kristu!"

61 UMnqobi onamandla kunabo bonke osewake waphila, uMnqobi onamandla kunabo bonke osewake wafa, ngokuba kwakunguYe kuphela Owayenganqoba; ukufa, nokunqoba ukufa qobo lwakho, futhi wavuka futhi ngokunqoba!

Wakufakazisa Ayeyikho. Kwakuwuphawu lokugcina lobumesiya baKhe.

62 Futhi manje, ngenhlanhla, uma bekungabakhona omunye lapha kulesisakhiwo kulokhu ukusa, oyilunga lebandla elisivivi, futhi engayazi injabulo yokuphela kwempi. Abantu bememeza kakhulu, abantu bejabula, abantu bekhala! Wena uthi, "Yini indaba ngabo na?" Bayazi yinto esiphelile. Konke sekuphelile! Impela! Si [UMfowethu Branham ushaya izandla zakhe—Umhl.] shaya amabhendi. Simemeza amacilongo, neVangeli liyaphuma. Inkazimulo naMandla kaNkulunkulu ayaziwa. Futhi kungumsebenzi osufeziwe, isivumelwano sisayiniwe; udumo kuNkulunkulu, uKristu usisayinile ngeGazi laKhe uQobo! Impi isiphelile. Ukunqoba kuzuziwe. Angizange ngikuzuze; Wakuzuza! Ngijabule nje ngakho. He!

63 Ngenkathi abanye balabobafana bebuya bevela phesheya kwezilwandle, bangitshela, ngenkathi umkhumbi ungena eNew York, lapho nje ungena echwebeni, babuka ngaleya futhi babona isiThombe esibaziwe seNkululeko. Yinto yokuqala oyibonayo, iphakeme. Bavuka, abanye babo omakad'ebona abakhubazekile bephandle endaweni eyicaba emkhunjini, ngakho babengayibona. Futhi lapho beqala lesosiThombe esibaziwe seNkululeko, baqala ukukhala. Bakhala. Abakwazanga ukuzibamba. Indoda enkulu kakhulu yama lapho, indoda enkulu ezandla zimaholoholo, evevezelayo neqhaqhazelayo. Abakwazanga ukubamba imizwa yabo. Ngani na? Kwakuwuphawu lwenkululeko. Ngemuva nje kwalesosiThombe esibaziwe seNkululeko, kwakulele. . . kwakungubaba, umama, abathandiweyo, isithandwa, unkosikazi, umntwana, bonke kulomhlaba labo ababathandayo, bahlala nje emva kwakho. Futhi ngaphambi nje kokuba bangene, baqonda, kwakuyizwe lokukhululeka nekhaya labanesibindi. Impela, kuyoqhaqhazelisa imizwa yakho, lelofulegi elidala lindiza. Cabanga ngakho, umakad'ebona owahlukumezeka empini engena echwebeni! Impela, kwakuyisikhathi esimangalisayo.

64 Kodwa, o, mfowethu, ngokunye kwalokhu ukusa, lapho uMkhumbi omdala waseZiyoni ukhala, futhi ngibona lolophawu lumile lapho, isiPhambano esidala esimahhadlahhadla! Lapho imimoya ithwishila amabhanela awo ampunga amadala, lapho ehamba edabula inkungu yokufa. Ukunqoba okunje okuyikho! Ngani, akumangalisi singeke sawubamba umuzwa wethu uthule! Into ethize yenzekile; sibe ngabafo abayizakhamizi. Into isiphelele.

65 Ngenkathi begxamalazela ibhuloho elikhulu phakathi kweNyakatho ne—ne—ne—neNingizimu Australia, ukusuka eSidney, ngapesheya kweNingizimu Sidney. Wakuthatha kanjani wonke umuntu . . . Ngani, baya kulolonke izwe, ukuzama ukuthola umuntu ukukwenza. Lowo msebenzi wawumkhulu

kakhulu, ngoba bathi akekho ongakwenza. Ekugcineni, indoda evela eNgilandi yathi, “Ngizowenza umsebenzi.” Futhi ngenkathi yehlela lapho ukwenza lowo msebenzi, yahlola lonke ibhawodi eliya ebhulohweni. Udumo lwayo lwalulele ekubhejeni. Wahlola lonke udaka nayo yonke into eyaya phansi. Wazulazula, nokwedlula konke ayayingakuthola; wathola omakhenikha ababedlula bonke, osokhemisi obedlula bonke, okwedlula konke kwanoma yini ayengayithola, ngakuye. Futhi, ekugcineni, ngenkathi ibhuloho seliphelile, nosuku luyafika lapho lifanele lihlolwe.

66 Abagxeki bama ohlangothini olulodwa, futhi bathi, “Angeke lime. Liyobhidlika. Kunesihlabathi kakhulu phansi lapho.”

67 Kodwa wagubha indlela, le, le, le phansi. Wayenethemba. Wayazi ukuthi yonke into yahlolwa. Futhi wathi, “Ngizokwenza uhambo lokuqala nginqamule, mina uqobo.” Futhi lapho ehamba enqamula ibhuloho, phambi kwemeya, phakathi emuva kanjalo; futhi izitimela ezinkulu, cishe eziyisithupha ngokulinganisana, siza zinqamula, zinyakazisa lelobhuloho. Indoda enkulu eyalenza, yahamba phambi kwaloludwendwe, kanje, “Uma liwa, nginalo.” Kodwa wayenethemba.

68 Yileyondlela iNkosi yethu ebusisiwe eyakwenza ngenkathi Yenza iBandla laYo! Wahlola lonke ibhawodi, yonke into eyangena kuLo, ngokuba Lifanele ligezwe ngeGazi! Futhi omunye wabagxeki umile ohlangothini, wathi, “Lesosigejane sabagqinqiki abangcwele, abasoze bakwenza.” Kodwa ngolunye lwalezizinsuku ezinhle kakhulu! Lo omkhulu, uMnqobi onamandla uhamba phambi kwethu namhlanje, enqoba! Malizamazame, lenze elikufunayo, Uzo . . . Akuyikubakho nokukodwa ukushelelela kulo, nomaphi, ngokuba Uyenzile indlela, futhi wayiqeda. Impela!

69 Sicabanga namhlanje ngezikhathi zabantu, sithole imiqondo yethu phezu kwezinto zomhlaba. Kodwa ake nginitshele okuthize, mfowethu, akakaze ngibe namahloni ngeVangeli! O, mfowethu, ngingoyimfeshini endala, ozelwe ngokusha, ozelwe nguMoya oNgcwele, ngoMoya kaNkulunkulu. Ngazalwa ngaleyondlela, yilokho konke engiyikho, nakho konke engake ngafuna ukuba yikho.

70 Ngesinye isikhathi, kungekudala, kwakunentombazane eyayiye ekholiji. Futhi yayingethandekayo, intombazanyana. Futhi ngenkathi isibuyela ekhaya, yaletha eminye yemibono yayo yasekholiji nayo.

71 Futhi mhlawumbe, kulokhu ukusa, abanye benu nibe neminye imibono yenu yangaphandle nani. Mhlawumbe niyithwalile, yaya ebandleni, imibono yenu eminingi. Awu, iyekeni, ngokuhle kunakho konke engikwaziyo ukukukwenza.

72 Khona-ke lentombazane, ngenkathi isitimela sima phandle ngaphambili. Yafika nentombazanyana, enye yalabo abancane

umntwana ophaphile, niyazi, njengohlobo lukaElvis Presley. Futhi ngenkathi emile lapho, niyazi, esitimeleni. Umama wakhe wayengaphandle; owesifazane omdala emile lapho, emaholoholo wonke, ebusweni bakhe; omncane, onamahlombe aqhothile; egqoke ingubo kakalika, itshali elincane emahlombe akhe. Futhi lena encane ephaphile eyayinayo, lena enye intombazane, yabuka phansi, yase ithi, "Awu, ubani lona olusizi, obukeka kabi owokuhawukelwa omdala na?"

73 Awu, niyazi, kwayiphoxa intombazane kakhulu, yathi, "Angazi," ngoba nje yayitatazela kakhulu, futhi yayinemibono emininingi yezwe ekhanda layo. Futhi kwakungumama wayo.

74 Ngenkathi seyehlile esitimeleni, umama omdadlana wagijimela phezulu, ukuphosa izingalo zakhe kuyo. Wathi, "O, sithandwa, uNkulunkulu abusise inhliziyo yakho encane." Futhi yafulathela futhi yaqala ukuhamba iqhela, sengathi yayingamazi. Waphoxeka, ngoba umama wayo wayemubi.

75 Futhi kwenzeka ukuba, ukhondaktha walesositimela, wayeyazi indaba. Wahamba wazungeza ngapho, futhi wabeka izandla zakhe ehlombe lentombazane, wayiphendulela kulezo zethameli, wathi, "Ngiyakudabukela! Ngiyakudabukela!" Wathi, "Ngisibonile isikhathi ngenkathi umama wakho wayemuhle ngokuphindwe kayishumi kunawe." Wathi, "Wayemuhle. Sasakhelene." Futhi wathi, "Wawungumntwana, futhi wawusesitezi embhedeni wakho. Futhi umama wakho wayeneka izingubo zokugqoka kwingemuva lendlu." Futhi wathi, "Khona manjalo, isithando somlilo sokheleka, nendlu yonke yayiselangabini. Futhi ngenkathi umama wakho omncanyana egijima ngapho, futhi azi ukuthi wawusesitezi, phezulu lapho." Wathi, "Bamemeza, futhi bazama ukumxhakathisa. Kodwa wahluthula ayenakho, wakukhumula, futhi wagijimela emalangabini, phezulu esitezi; futhi wadonsa izingubo zakhe emzimbeni wakhe, futhi wakusonga ngazo. Futhi nango eza, ebuya edabula emalangabini, ekuphethe. Futhi waquleka, eyadini, futhi wena usezingalweni zakhe." Futhi wathi, "Wathatha lokho okwakungamvikela, futhi wavikela wena." Futhi wathi, "Isizathu umuhle namhlanje, yingalesozathu emubi. Futhi, uqonde ukungitshela, ubungaba namahloni ngalezozibazi kumama wakho na?"

Ngiyacabanga namhlanje:

> Uma uJesu ethwala isiphambano yedwa,
> Nezwe lonke lihambe likhululeke na?
> Kunesiphambano somuntu wonke,
> Futhi kunesiphambano sami.

76 Uma uJesu wayecatshangwa ukuba ngu "Belzabule," yilelizwe, Wahlekwa futhi weyiswa, futhi walengiswa esiphambanweni, futhi wenziwa ihlazo, enzelwa mina; ngijabule kakhulu ukuthwala ihlazo ngobungcwele baKhe. Yebo,

mnumzane, biza "umgingqiki ongcwele," noma ngabe yini ofuna ukuyibiza, noma yikuphi ukuphawula ofuna ukukwenza. Lokho akukumisi nakancane. Ngijabule kuphela, kulokhu ukusa, ukuthi, enhliziyweni yami, uJesu ovukile uyaphila futhi uyabusa. Ngingomunye wezikhonzi zaKhe. Ngithemba ukuthi uyiso, nawe.

77 Isikhathi sethu sesihambile manje. Sekungelesikhombisa nqo, ngenkathi sithe sizophuma. Izinkonzo eziqhubekayo zizoqala cishe emahoreni amabili, manje, kugamenxe elesishiyagalolunye.

Asikhothamise amakhanda ethu, umzuzwana nje, ngomkhuleko.

78 Baba waseZulwini obusisiwe, imizuzu engamashumi amane-nanhlanu yedlulile, iZwi seliphumile. Izinhliziyo zethu ziyathokoza. Ijubili iyaqhubeka; kungesiyo nje ijubili yosuku olulodwa, kodwa ijubili yePhakade! ENkazimulweni, iziNgelosi ziyacula. O Nkulunkulu, iBandla, ukunqoba, liyacula. Izinsimbi zenjabulo ziyakhala. Imiphefumulo eyake yalahlelwa ukufa, nokufa nokuya ethuneni likadeveli; udeveli unqotshiwe! Ukufa sekunqotshiwe. Ithuna selinqotshiwe. Ukugula sekunqotshiwe. Izinkolelo-ze sezinqotshiwe. Inhliziyo embi isinqotshiwe. Inzondo isinqotshiwe. Ukunganaki sekunqotshiwe. Ubutashi sebunqotshiwe. Ukuzazi sekunqotshiwe. Yonke into isinqotshiwe. UKristu unguMnqobi omkhulu!

> Bhekani, bukani uMnqobi onamandla,
> (kwasho imbongi)
> Bhekani, Mbukeni ekubonakaleni okusobala,
> Ngokuba UnguMnqobi onamandla,
> Njengoba Adabula iveyili kabili.

79 Waklebhula leyo veyili eyayisithe umuntu kuNkulunkulu, futhi manje uNkulunkulu uhlala phakathi komuntu. Wadabula leyo veyili eyayivimbela ukuphilisa kukaNkulunkulu. Wadabula leyo veyili eyayivimbela isibusiso sikaNkulunkulu. Wadabula leyo veyili eyayivimbela intokozo kaNkulunkulu. Wadabula leyo veyili eyayivimbela ukuthula kukaNkulunkulu. Manje iveyili isidatshulwe kabili. NgeGazi laKhe uQobo, Uhambe njengoMnqobi! Impi isiphelile, Ukufakazisile kithi ekuvukeni kwaKhe. Futhi manje uMoya oNgcwele ungufakazi, uthunyelelwe ukusihola.

80 O Nkulunkulu oPhakade, uma ekhona lapha kulokhu ukusa, obelibele kade, engena ephuma, esuka emgwaqeni omkhulu, ewela eceleni; ongakaze akwazi ukuhamba aphumele phakathi nendawo, namaqhawe, amaqhawe amakhulu elinyathele phakathi nendawo yomgwaqo omkhulu; siyakhuleka, kulokhu ukusa, ukuthi bazonikela ngobubona bonke kuWe, futhi baphume futhi bajabulele lokhu kunqoba okukhulu okuzuziwe

yiNkosi yethu evukile. Siphe khona, Baba, ngokuba sikucela eGameni likaKristu.

81 Futhi sisakhothamise amakhanda ethu. Angazi, ngalomzuzwana wesikhathi, ukuthi uma nizophakamisela izandla zenu kuKristu, futhi nithi, "Kristu, ngiyakuthokozela, angisoze ngaba namahloni ngaWe futhi. Kade nje nginovalo kancanyana." UNkulunkulu akubusise, nenekazi. UNkulunkulu akubusise, mnumzane. UNkulunkulu akubusise wena nawe. O, he, izandla ziyahamba ndawo zonke! "Bengithe ukuba novalo kancanyana. Bengithe ukuba namahloni. Futhi ngempela ngiyayibona indawo yami manje. Bengingafanele ukukwenza lokho. Ngifanele ngime ngiqonde, nginikeza ubufakazi bami! Bengifanele impela ngibe yilokho. Bengifanele ngitshele wonke umuntu, 'Ngizelwe ngokusha.' Bengifanele ngitshele wonke umuntu, 'Ngemukele uMoya oNgcwele.' Anginamahloni ngeVangeli, ngokuba LingaMandla kaNkulunkulu ensindisweni. Ngifuna ukuba ngumKristu ophambili ngokoqobo. Kade ngingesuye. Kodwa, ngosizo lukaNkulunkulu, kusukela kulokhu ukusa kwePhasika, ngizoba nguye. Ngizoba nguye." Omunye futhi phakamisa izandla zakho manje ngaphambi kokuba sikhuleke? UNkulunkulu akubusise, wena, wena.

82 He, bukani ezinqumweni! Okungenani amashumi amabili-nanhlanu noma amashumi amathathu, ahlezi phakathi kwaleliqembu elincane labantu kulokhu ukusa, lenze isinqumo. Kulokhu ukusa okukhulu kokunqoba, bazo, ngomusa kaNkulunkulu, sukumani futhi ningabi namahloni ngeVangeli, ngokuba LingaMandla kaNkulunkulu ensindisweni.

83 O Nkulunkulu, njengoba lezizandla siphakamile, nomnyuziki kamnandi uyananela emuva phansi endleleni, njengoba sedlulile sangena saya ekuPhileni, ngokuba Wena wathi, "Ozwa amaZwi aMi, futhi akholwe nguYe oNgithumile, unokuPhila okungunaphakade." Badlulile ekufeni bangena ekuPhileni, ngoba Waba ngukufa ukuze babe ngukuPhila, ngokuvuka kwaKho. Wenziwe waba ngaphansi kuneziNgelosi, wehla ukuba ube ngumuntu, uphuma kulowo omkhulu uMzimba-moya ovela ngaPhezulu, owenziwa inyama; futhi wawuneGazi, futhi wachitha leloGazi, ukuze Wenze indlela yokuphunyuka yethu sonke. Khona-ke kungesikho ukuthi wakwenza, (siyafunda eBhayibhelini), kodwa Wakufakazisa, ngokungenakuphosisa, ngokuvuka kwabafile, nokuvusa abafile ngenkathi Wawulapha emhlabeni; kungesikho lokho kuphela, kodwa Wanikeza, Ukwenze kwaba ubufakazi obuyidabuli, njengoba Wenza kuAbrahama; manje, ngaphandle kwalokho, Wathumela emuva uMoya oNgcwele njengofakazi. Futhi sinoBukhona baKhe obubusisiwe nathi, futhi phakathi kithi, busiqondisa, busiholela kulolonke iQiniso nokuKhanya.

84 SiyaKubonga ngalezizandla eziningi eziphakamile, kulokhu ukusa, zithi, "Ngithatha uKristu manje njengowami." O

Nkulunkulu, uma bengakaze babhaphathizwe emanzini, ukumelela ukufa okukhulu, ukummbelwa, nokuvuka kweNkosi yabo ebusisiwe, kwangathi bangabuya enkonzweni kulokhu ukusa, balethe izingubo zabo, futhi balungele ukwehlela phansi kulelichibi eliyiqhwa. Siphe khona, Baba.

85 Sibusise. Sithethele izono zethu. SizoKunika udumo, ngeminyaka ezayo. Lapho impi isiphelile, lapho intuthu isiyomile; nenjabulo isiphelile yonke, yalezizindebe zomhlaba lapho siKubonga ngayo yonke into esinayo, sizofanele sibe namaphimbo amasha, ubuntu obusha, ukuKubonga ngakho. Kwangathi singangena phakathi khona-ke ngenjabulo. Ngokuba sikucela eGameni likaKristu. Amen!

86 Asime ngezinyawo zethu manje...?...Ningazikhohlwa izinkonzo, ngeleshiyagalolunye ligamenxe. Hambani niye ekhaya, yibani nokudla kwenu kwasekuseni. Nibuye, sibheke ukuba nani manje. Bese kuthi-ke kulobubusuku, khumbulani. Ngizofanele ngiphume kulentambama, ngitadisha futhi ngikhuleka.

87 Ngokuba ngithi kini, ukuthi, uKristu uyaphila, Akafile. Futhi ngiyakholwa, ngayo yonke inhliziyo yami, Uzoba lapha phakathi kulesisakhiwo kulobubusuku, ukukhombisa ukuthi Uyaphila, ukwenza izinto ezifanayo Azenza ngalokho kusa kokuqala kwePhasika nasohambweni lwaKhe lwempilo. Uma lokho kungenjalo, khona-ke kade ngingumprofethi wamanga. Ngijabula kakhulu ukwazi, kulelihora elimnyama kakhulu esiphila kulo manje, lapho lonke ithemba, ngokubonakalayo, sekuhambile; uKristu, iDwala eliqinile esingama kulo, yonke eminye imihlabathi izihlabathi ezibishayo. Kulungile.

88 Elethu elincane, iculo lokuphuma, lika *Hamba neGama likaJesu*. Wonke umuntu, ndawonye manje.

> Hamba neGama likaJesu,
> Mntwana wosizi nowokuhlupheka;
> Liyothokozisa ne...

89 Phendukani, futhi nixhawulane, futhi nithi, "Ayibongwe iNkosi," kumuntu ongakuwe. [UMfowethu Branham uxhawulana nabanye, uyajabula futhi uthi, "Ayibongwe iNkosi!"—Umhl.]

> Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu;
> Gama eliligugu, O limnandi kangaka!
> Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu.

90 Manje wonke umuntu bukani ngapha ngqo? AsiMdumise nje. Asiphakamise izandla zenu, futhi sithi, "SiyaKubonga, Nkosi, ngokusindisa umphefumulo wami." Kulungile, wonke umuntu!

NgiyaKubonga, Nkosi, ngokusindisa umphefumulo wami.
NgiyaKubonga, Nkosi, ngokungingcwelisa.
NgiyaKubonga, Nkosi, ngokungipha,
Insindiso yaKho enkulu igcwele kakhulu futhi eyesihle.

91 Into ebusiswe kanje! NiyaMthanda na? Uthi, "Amen." [Ibandla lithi, "Amen. Amen."—Umhl.] O, i . . . Yonke into isiqediwe manje, bantwana. Yonke into isiphelile, ayisekho impi, akusekho ukuhlasela, akukho lutho ofanele ulwenze; sekuvele kwenziwe. Siyathokoza nje! O, he! Siphelele, kuYe!

. . . ngencikile,
Ngilondekile futhi ngigcinekile kuyo yonke ingozi;
Ngencikile, ngencikile,
Ngencikile eNgalweni yaphakade.

O, kumnandi kanjani ukuhamba kulendlela yomhambi engcwele,
Ngencikile eNgalweni yaphakade;
O, ikhanya kanjani indlela yezinyawo ekhula usuku nosuku,
Ngencikile eNgalweni yaphakade.

Ngencikile, ngencikile,
Ngilondekile futhi ngigcinekile kuyo yonke ingozi;
Ngencikile, ngencikile,
Ngencikile eNgalweni ephakade.

Wena ongakwazi, futhi oneduku, likhiphe;

. . . o, ngencikile,
Ngilondekile futhi ngigcinekile kuyo yonke ingozi;
Ngencikile, ngencikile,
Ngencikile eNgalweni yaphakade.

Manje iBhayibheli lakho!

Ngencikile, ngencikile,
Ngilondekile futhi ngigcinekile kuyo yonke ingozi;
Ngencikile, ngencikile,
Ngencikile eNgalweni yaphakade.

92 Kuyini na? Ngilondekile futhi ngigcinekile, konke sekwedlule, konke kuphelile, impi isiphelile, uphawu lokugcina lwephuliwe, Wenyukile. Haleluya!

Ngencikile, ngencikile,
Ngilondekile futhi ngigcinekile kuyo yonke ingozi;
Ngencikile, ngencikile
Ngencikile eNgalweni yaphakade.

93 Manje asikhothamise amakhanda ethu abheke ngasothulini lapho uNkulunkulu asithatha khona, lapho ngoluny'usuku siyokwenyuka siphuma othulini lomhlaba. Ngokuba, iNkosi yethu, yaletha othulini, yangena othulini; ukusinika uMoya waYo ongayikufa, Wenyuka esuka othulini. Futhi bonke labo abakuYe, bayokwenyuka naYe ngoluny'usuku, ezindaweni zababusisiweyo.

94 Njengoba sigobise amakhanda ethu. Ngibona uMfowethu Smith uphakathi kwethu, kulokhu ukusa, umelusi weChurch of God; ungibizile izolo ebusuku. Mfowethu Smith, ungama uthi qekelele. Angazi manje, ukuthi uma uMfowethu Smith ezosikhipha ngezwi lomkhuleko. Njengoba niphuthuma-ke emakhaya enu, futhi niyoba nokudla kwenu kwasekuseni. Buyelani inkonzo kaSonto siKole, nenkonzo yombhaphathizo, ngokushesha eqala ligamenxe elesishiyagalolunye. Singakhothamisa amakhanda ethu, ngenkathi uMfowethu Smith esikhipha ngomkhuleko.

*UMnqobi Omkhulu NonaMandla* ZUL57-0421s
(The Great And Mighty Conqueror)
Uchungechunge LweziMvuselelo zePhasika

LoMlayezo ngoMfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngeSonto lePhasika ekuseni ngokuphuma kwelanga, ngo Apreli 21, ngo 1957, eTabernakele likaBranham eJeffersonville, eIndiana, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2017 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

Voice Of God Recordings, South Africa Office
58 Disa Road, Admiral's Park, Gordon's Bay 7140 Western Cape
Republic Of South Africa

Voice Of God Recordings
P.O. Box 950, Jeffersonville, Indiana 47131 U.S.A.
www.branham.org

## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

Voice Of God Recordings
P.O. Box 950, Jeffersonville, Indiana 47131 U.S.A.
www.branham.org